



Keeping it small

Small reading clubs offer lots of opportunities for exploring stories and books with children. All you need, is to love stories and to want to share them with children – plus one or two adults who can read, and about five to eight children! Add a bag of books, and some writing and drawing tools (like crayons, pencils, pens and paper) and you're on your way!

You could start a club at home with your own children and a few of their friends. (The children can be any age – from tots to teens.) Or, you could offer to start a reading club with children at a local school, church, mosque or library.

In a small club, it is easy to get to know the children well. Share your favourite books and find out each child's personal taste in stories. Spend time talking together about stories – this is as important as reading together!

But how do you know which books to choose? Visit a library with a good children's section and spend time browsing there regularly. Get to know the children's librarian and ask for advice about the books children enjoy. Borrow at least one storybook that you really like, practise reading it and then read it aloud at your club. As you get to know the children well, you'll find yourself looking for stories that deepen their curiosity and interests!

And what about writing? Try to make time for writing at each reading club session. Children love writing diaries and it's a great way to grow their writing ability in their home language and/or an additional language. Encourage the children to write (and draw) in their diaries about absolutely anything – their thoughts, feelings, ideas or what they enjoyed doing on a particular day. (Make sure that they know that what they write is private unless they choose to share it with others.) It's best not to correct their spelling – it's what they are saying that is important. But you can inspire them by writing in your own diary and then sharing your ideas, beautiful handwriting and correct spelling with them.

Whatever you choose to do at your reading club, encourage the children to participate – but don't force them. The aim is to enjoy yourselves as you discover and share stories together.

Ligcine lilincane

Amathimba okufunda amancane anikeza amathuba amaningi okujula nezindaba nezincwadi nezingane. Okudingayo nje, ukuthanda izindaba nokuthi uthande ukwabelana ngazo nezingane – kanye nomuntu omdala oyedwa noma ababili abakwazi ukufunda, nezingane ezinhlanu ukuya kweziyisishiyagalombili! Faka isikhwama sezincwadi, izinto zokubhala nokudweba (okufana namakhrayoni, amapensela, amapeni nephepha) sewume ngomumo-ke!

Ungaqala ithimba ekhaya nezingane zakho nabangani bazo abambalwa. (Izingane zingaba nanoma imiphi iminyaka yobudala – kusukela ebantwaneni abacathulayo ukuya kumabhungu namatshitshi.) Noma, ungazinikela ukuqala ithimba lokufunda nezingane esikoleni, esontweni, emoskhi noma kumtapo wezincwadi wendawo.

Ethimbeni elincane, kulula ukwazi kahle zonke izingane. Yabelana ngezincwadi zakho ozithandayo bese uthola izindaba ezithandwa ingane ngayinye. Yibani nesikhathi esiningi ndawonye nikhuluma ngezindaba – lokhu kubaluleke njengokufunda ndawonye!

Kodwa wazi kanjani ukuthi yiziphi izincwadi ongazikhetha? Vakashela umtapo wezincwadi onengxenywe yezincwadi zezingane lapho nizode niba nesikhathi khona sokubheka izincwadi. Yazizazi umtapo wasemtatsheni wezincwadi zezingane bese ucela akucebise ngezincwadi izingane ezizithokozelayo.

For tips and ideas on starting your own reading club, visit our Reading Club Basics section at www.nalibali.org or www.nalibali.mobi.



Boleka okungenani incwadi yezindaba eyodwa oyithanda kakhulu, ziywayeze ukuyifunda bese uyifunda kakhulu ethimbeni lakho. Lapho usuya ngokwazi izingane kangcono, uzozithola usufuna izindaba ezijulisa lokho ezifisa ukukwazi nezinentshisekelo kukho!

Ukubhala khona? Zama ukwenza isikhathi sokubhala emhlanganweni wethimba lokufunda ngamunye. Izingane ziyathanda ukubhala amadayari futhi kuyindlela enhle kakhulu yokuthuthukisa ukwazi ukubhala ngolimi lwazo lwasekhaya kanye/noma nangolunye ulimi. Khuthaza izingane ukuthi zibhale (futhi zidweba) noma yini kumadayari azo – imicabango yazo, indlela ezizizwa ngayo, imiqondo noma lokho ezikuthokozele ngalolo suku oluthile. (Qinisekisa ukuthi ziyazi ukuthi lokho ezikubhalayo okwazo nje, ngaphandle kwalapho zikhetha zona ukwabelana ngakho nabanye.) Kungcono ukungalungisi ukupela ukubhalwa kwamagama – yilokho ezikushoyo okubalulekile. Kodwa ungazikhuthaza ngokubhala kudayari yakho bese wabelana nazo ngemiqondo yakho, ukubhala kwakho ngesandla esihle nokupela kahle amagama nazo.

Noma ngabe yini okhetha ukuyenza ethimbeni lokufunda, khuthaza izingane ukuthi zibambe iqhaza – kodwa ungaziphoqi. Inhloso ukuthi *nizithokozise* ngesikhathi nithola futhi nabelana ngezindaba ndawonye.

Ukuze uthole amacebo nemiqondo yokuqala ithimba lakho lokufunda, vakashela isigaba seZinto Ezisemqoka Kumathimba Okufunda (i-Reading Club Basics) ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi.



Drive your
imagination

Read to me. Never too early.
Never too late.
Ngifundele. Ungesheshe kakhulu.
Ungelibale kakhulu futhi.





Story stars

A teen author



For International Youth Day (12 August), we caught up with teenager, **Nicole Malcolmson**, from Pretoria who has enjoyed making up stories ever since she was a little girl. Last year, at the age of 17, she had her first novel, *Tainted Blood*, published. We chatted to Nicole about reading and writing.

Have you always loved books and reading?

I only started reading books in Grade 4 when my mom sent me to a programme that helps children with reading difficulties to improve their reading. Up until then I hated books, but I have always loved listening to stories.

How do you feel about books now?

I can't imagine a world without books and I carry one or two with me wherever I go.

Where do you get your ideas for stories?


My inspiration comes from everywhere; from the books I read, movies and shows I watch, to taking a walk around my grandparents' home. Sometimes the ideas just flow, but then I need to try and figure out the smaller details. I always carry a notebook and pen to write down any ideas I get.

How do you balance school and writing?

I'm in Grade 11 this year and school work does get in the way quite a bit, so there are some days when I can't write, which is frustrating. I usually have an exam pad with me at school so I can do some writing if I finish my work a bit early. If I sleep over at a friend, I take my laptop along.

What advice would you give young writers?

Try to write at least a sentence every day. It doesn't have to be perfect, just write it down and then you can always go back and fix it. Keep a notebook or a recorder on hand at all times so that when you get an idea you can record it immediately – otherwise you will forget the idea. Re-read what you've written previously as often as you can because sometimes that helps you figure out what you should write next to keep the story flowing.



Pic: Daniel Born



Nicole Malcolmson

Abavelele ezindabeni

Umbhali oyitshitshi

NgoSuku Lwentsha Lomhlaba Wonke (12 Agasti), sixoxisane netshitshi, u**Nicole Malcolmson**, wasePitoli osethokozele ukuzenzela izindaba kusukela eseyintombazanyana.

Nyakenye, eneminyaka eyi-17, ushicilele inoveli yakhe yokuqala ethi, *Tainted Blood*. Sixoxe noNicole mayelana nokufunda nokubhala.

Ngabe ubulokhu uzithanda izincwadi nokufunda?

Ngaqala ukufunda eBangeni lesi-4 ngesikhathi umama wami engihambisa ohlelweni olusiza izingane ezinenkinga yokufunda ukuze kuthuthukiswe ukufunda kwazo. Ngangizizonda izincwadi kwaze kwaba yilesi sikhathi, kodwa ngangilokhu ngikuthanda ukulalela izindaba.

Uzizwa kanjani manje ngezincwadi?

Angikwazi ukucabanga ngomhlaba ongenazo izincwadi futhi ngihamba neyodwa noma ezimbili noma ikuphi lapho ngiya khona.

Uyithola kuphi imiqondo yezindaba?

Ugqozi ngiluthola noma kuphi; ezincwadini engizifundayo, emamuvini nemibukiso engiyibukayo, nasekujikelezini nje ekhaya likagogo nomkhulu. Ngesinye isikhathi imiqondo iyazifikela nje, kodwa-ke ngidinga ukuzama ukubhekisa neminingwane emincane. Ngihlale ngihamba nencwadi yokubhalela ukuze ngibhale noma imiphi imiqondo engifikelayo.

Ukuhlelela kanjani ukuthi kulingane kahle phakathi kokwesikole nokubhala?

Ngifunda iBanga le-11 kulo nyaka kanti umsebenzi wesikole uthatha isikhathi esiningi, ngakho kunezinsuku engingakwazi ukubhala ngazo; kuyangikhathaza lokhu. Ngijwayele ukuphatha incwadi yokuphendulela imibuzo yokuhlolwa esikoleni ukuze ngibhale uma ngisheshe ngaqeda umsebenzi wami. Uma ngizoyolala kumngani wami, ngihamba ne-laptop yami.

Ikuphi ongacebisa ngakho ababhali abasebancane?

Zama ukubhala okungenani umusho ngosuku. Akudingeki ukuthi kube kuhle ngokuphelele, kodwa vele ukubhale; ungakwazi ukubuyela kukho ukulungise. Hlala unencwadi yokubhalela nomshini wokuqopha zikhathi zonke khona uma ufikelwa umqondo othile uzokwazi ukuwubhala noma uwuqophe ngaso lesi sikhathi – uma ungakwenzi lokhu uzowukhohlwa umqondo lowo. Phinda ufunde lokho obusukubhalile kaningi ngendlela ongakwazi ukwenza ngayo ngoba lokho kuyakusiza ngesinye isikhathi ukuthola ukuthi yini okumele ulandelise ngayo lapho ubhala ukuze indaba iqhubeke kahle.

Across the country, individuals and organisations are finding ways to make reading and writing part of children's daily lives. To say thank you, our featured **Story Stars** will receive meal vouchers* courtesy of **Wimpy** to enjoy with the children in whose lives they are making a difference.



* For terms and conditions that apply, go to www.nalibali.org/story-stars.

Ezweni lonke, umuntu ngamunye kanye nabezinhlangotho bathola izindlela zokwenza ukufunda nokubhala kube yingxenye yempilo yezingane yansuku zonke. Ukuze sibabonge, **Abavelele Ezindabeni** okubhalwe ngabo bazothola amavawusha okudla* ngezilokothe ezinhle zakwa**Wimpy** ukuze bawathokozele nezingane abenza umehluko ezimpilweni zazo.

* Ukuze uthole imigomo nemibandela esebenzayo, iya ku-www.nalibali.org/story-stars.

Create your own mini-book Zakhele ibhukwana lakho

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



Inkawu Encane yafaka abanye obhanana emlonyen! wengwenya! Yayisithatha obhanana abasele yabaleka.

Baby Monkey put some bananas into Crocodile's mouth! He took the rest of the bananas and ran away.




Ingwenya yona yabhukuda yagonda Enkawini! Encane. "Labo bhanana babukeka bemandi!" isho. Kodwa empeleni yayihalela Inkawu Encane! Yavula umlomo wayo ...

Then Crocodile swam up to him. "Those bananas look good!" he said. But he was really looking at Baby Monkey! He opened his mouth ...



The Little Library



Baby Monkey's bananas is one of 36 stories available in the Little Library Kits for Numeracy, Literacy and Life Skills. Each kit contains 60 readers (5 copies of 12 stories), 12 big books, 12 posters and a comprehensive teacher's guide. The readers and the big books are available in all 11 official languages. For more information please visit our website www.cup.co.za.

Cambridge University Press
P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002
Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418
Email info@cup.co.za

 **CAMBRIDGE**
UNIVERSITY PRESS
www.cup.co.za

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Fold

CAMBRIDGE

Baby Monkey's bananas

Obhanana beNkawu Encane



Sue Hepker
Graeme Viljoen



Yayisiyobhukuda iNdlou. Inkawu Encane yayihleli eceleni komfula nobhanana bayo. "Kumele ngiyobhukuda," kusho iNdlou.

"I must go for a swim," said Elephant. So Elephant swam. Baby Monkey sat next to the river with his bananas.



Fold

Njengoba yayigijima, yezwa umhlaba uzamazama. Kukhona okwakugijima kuyilandela. Ngabe kwakuyini?

As he ran, he felt the ground shaking. Something was running behind him. What could it be?



Baby Monkey loved bananas. He took them from his brothers and sisters.

"No, Baby Monkey!" said Mother Monkey.

Inkawu Encane yayibathanda obhanana. Yayibathatha kubafowabo nakodadewabo.

"Hhayi, Nkawu Encane!" kusho uMama uNkawu.



Then Mother Monkey came.

"Look," she said. "I have some bananas for you."

Kwase kufika uMama uNkawu.

"Bheka," esho. "Ngikuphathele obhanana."

Fold



It was Rhino! Baby Monkey dropped the bananas on the ground. He jumped into a tree.

Kwakungubhejane! Inkawu Encane yabahlala phansi obhanana. Yagxumela esihlaheni!



So Elephant took some bananas. Then Elephant carried Baby Monkey and his bananas to the river.

Indlovu yayisithatha abanye obhanana. Indlovu yayisithwala Inkawu Encane nobhanana bayo yayisa emfuleni.



Baby Monkey looked at the rest of the bananas. "There are not enough bananas for all my brothers and sisters," he thought. So he ate them. Baby Monkey was very, very full.

Inkawu Encane yababuka laba abanye obhanana ababesele.

Yacabanga, "Vele labo bhanana ngeke babanele bonke abafowethu nodadewethu." Yase ibadla. Inkawu Encane yadla yaze yasutha kakhulu.



Mother was angry. Baby Monkey didn't like that.

"I'll run away!" he said. So he ran into the bush.

Umama wayethukuthele. Inkawu Encane ayikuthandanga lokho.


Yathi, "Ngizobaleka!" Yayisiyabaleka iyongena ehlathini.

Yayisibona iNdlou.
 “Ndlou, ngicela ungisize ungiithwalise labobhanana.”
 “Mmm,” kusho iNdlou.
 “Ngizokusiza, Nkawu Encane, kodwa ngiphe abanye obhanana.”



Then he saw Elephant.
 “Elephant, please help me carry these bananas.”
 “Mmm,” said Elephant. “I’ll help you, Baby Monkey, but give me some bananas.”


Baby Monkey saw a big banana tree. There were many bananas on the tree. There were bananas for all his brothers and sisters. But Baby Monkey was too small to carry the bananas.



Inkawu Encane yabona isihlahla esikhulu sikabhanana. Kwakunobhanana abaningi esihlahleni. Kwakunobhanana abangadliwa yibo bonke abafowabo nodadewabo. Kodwa Inkawu Encane yayincane kakhulu ukuba ithwale bonke labobhanana.

Ubhejane wagijima wadlula. Akababonanga obhanana. Wahamba phezu kwabo.

Rhino ran past. He didn't see the bananas. He walked on them.



Baby Monkey was sad. He picked up the bananas. He was very hungry.

“I’ll eat one,” he said.

The banana was so tasty, so he ate two.

Inkawu Encane yayidumele. Yabacosha obhanana. Yayilambe kakhulu.

“Ngizodla owodwa,” yasho.

Ubhanana wawumnandi kangangoba yadla ababili.

Get story active!

After you and your children have read *Baby Monkey's bananas*, try out some of these ideas.



If you have 10 minutes...

- At the beginning of the story, Mother Monkey is cross with Baby Monkey. Ask your children to suggest why she feels angry with him. Do they think she is right to feel angry?
- On page 14 of the story, Baby Monkey helps himself to a lot of bananas. Ask your children whether they think he should have taken so many bananas. What would they have done?

If you have 30 minutes...

- Imagine that the story carried on after page 15. Encourage your children to draw a picture and write about what they think might happen on the next page. Help younger children by writing the words that they tell you.

If you have one hour...

- Make some delicious banana fritters together! (This recipe makes six fritters.)

You will need: 3 bananas; ½ cup self raising flour; a little more flour for rolling the bananas in; 625 ml water and some oil for frying.

Follow these steps:

1. Sift the flour into a bowl and mix in the water to make a batter.
2. Leave the batter to stand for 10 minutes.
3. Cut the bananas in half and roll them in flour.
4. Dip them in the batter and then drop them in hot oil to deep fry until they are golden brown.
5. Enjoy them on their own – or with syrup and ice cream!

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde *Obhanana beNkawu Encane*, zamani eminye yale miqondo.

Uma ninemizuzu eyi-10...

- Ekuqaleni kwendaba, uMama uNkawu uthukuthelele iNkawu Encane. Cela izingane zakho ukuba zisho ukuthi ngabe kungani eyithukuthelele. Ngabe zicabanga ukuthi ufanele ukuthukuthela?
- Ekhasini le-14 lendaba, iNkawu Encane izitika ngobhanana omningi. Buza izingane zakho ukuthi ngabe zicabanga ukuthi bekufanele yini adle ubhanana omningi kangaka. Bebezokwenzenjani bona?

Uma ninemizuzu engama-30...

- Ake uzicabangele nje ukuthi indaba iqhubekile ngemuva kwekhasi le-15. Gqugquzela izingane zakho ukuthi zidwebe isithombe nokuthi zibhale ukuthi ngabe zicabanga ukuthi kwenzekeni ekhasini elilandelayo. Siza izingane ezincane ngokuthi ubhale amagama ezikutshela wona.

Uma ninehora elilodwa...

- Yenzani ndawonye amafrittha kabhanana! (Le resipi yenza amafrittha ayisithupha.)
- Uzodinga:** 3 ubhanana; ½ wenkomishi yofulawa ozikhukhumalelayo; omunye ufulawa omncane wokubhuqela ubhanana; 625 ml amanzi namafutha okuthosa.

Landela lezi zinyathelo:

1. Sefa ufulawa endishini yokuxovela bese ufaka namanzi ubonde ukuze kube yinhlama.
2. Yeka inhlama imizuzu eyi-10.
3. Sika ubhanana phakathi nendawo bese uwubhuqa kufawa.
4. Wucwilise enhlameni bese uwufaka emafutheni amaningi ashisayo ukuze uwuthose uze ube nsundu okusagolide.
5. Wuthokozele uwodwa nje – noma nosulubha no-ayisikhrimu!

Reading club corner

Sending postcards to your friends is a fun way of sharing ideas about books you enjoyed reading, or are reading at the moment. Use this template to make your own postcard to send to someone you know.

1. Cut along the dotted lines.
2. Fold your postcard in half.
3. Place a piece of cardboard (from a cereal box) in the middle.
4. Paste the template onto the cardboard.
5. Write something about your favourite book. You could copy a part you enjoyed, or draw a character or scene from the book to inspire your friend to read the story too.
6. Write the address and add a stamp before you send your postcard!

Ikhona lethimba lokufunda

Ukuthumelela abangani bakho amaposikhadi kuyindlela enhle yokwabelana ngemiqondo mayelana nezincwadi enithokozele ukuzifunda, noma enizifundayo njengamanje. Sebenzisani lolu hlaka ukuze nizenzele awenu amaposikhadi enizowathumelela abantu enibaziyo.

1. Sika lapho kunomugqa wamachashaza khona.
2. Goba iposikhadi lakho libe nguhhafu.
3. Beka ucezu lwekhalibhothi (elivela ebhokisini lamasiriyeli) phakathi nendawo.
4. Namathisela uhlaka ekhalibhothini.
5. Bhala okuthile mayelana nencwadi oyithandayo. Ungakopisha ingxenye oyithandile, noma udwebe umlingiswa noma isiqephu endabeni ukuze unike intshisekelo abangani bakho ukuba nabo bafunde indaba.
6. Bhala ikheli bese ufaka nesitembu ngaphambi kokuthumela iposikhadi lakho!



Indaba
It starts with a story...



Story corner

Here is the final part of the story about Nolitha, who loved mermaids, for you to read aloud or tell.

The mermaid's purse (Part 2) by Jude Daly

After lunch, Nolitha and Mama paddled in the shallow water, jumping over waves and racing them back to shore until Mama said, "Shoo, Nolitha, now I need a rest!" So Nolitha wandered back to the rocks where she stretched out and listened to the lap-lap of a sea lullaby.

A seal broke through the surface of the water. Nolitha was sure it was a seal, she had seen pictures of them. For a moment, its huge sad eyes gazed at her. Then it was gone. Soon though, it re-surfaced and pulled itself up onto a rock. Nolitha sat spellbound ... it was not a seal now, it was a boy!

The boy came closer, and closer, and carefully placed something in front of Nolitha. Then he turned and made his way back to the water. Hesitantly, Nolitha picked up the thing and turned it over in her hands. It was a mermaid's purse. It was exquisite!

Nolitha got up to thank the boy. But, before she could do so, he glanced back at her and then dived into the sea. And, as his body hit the water, he was a seal again.

"Nolitha, Nolitha," shouted Mama, "home time!"

Nolitha gathered all her mermaid's money into her mermaid's purse. Then she made her way back to Mama, looking back at the sea every now and again. But she saw no seal, and no boy; only the waves that kept on coming.

As they journeyed into the night, Nolitha showed Mama the beautiful mermaid's purse.

"Extraordinary!" said Mama.

And Nolitha told Mama all about the seal-boy who gave it to her.

"Even more extraordinary!" said Mama.

And then, as Nolitha drifted off to sleep, Mama smiled a faraway smile and whispered, "It was exactly there that I saw one when I was a little girl."



Illustration by Magriet Brink
Umdwebo wenziwe nguMagriet Brink

Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yokucina yendaba emayelana noNolitha, owayethanda amakhosazane asolwandle, ozoyifunda kakhulu noma ozoyixoxa.

Isikhwama senkosazane yasolwandle (Ingxenye yesi-2) ebhalwe uJude Daly

Ngemuva kwesidlo sasemini, uNolitha noMama babhukuda emanzini angashoni kakhulu, bede beqa amagagasi, babuye bagijime babuyele osebeni, uMama waze wathi, "Cha, Nolitha, manje sengidinga ukuphumula!" Ngakho uNolitha wabuyela emadwaleni lapho azelula khona walalela umsindo, iculo elilalisayo lamagagasi olwandle.

Kwavumbukainja yasolwandle yaphumela ngaphandle kwamanzi. UNolitha wayenesiqiniseko sokuthi kwakuyinja yasolwandle, njengoba wayezibonile izithombe zazo. Amehlo ayo amakhulu adangele ambuka isikhathana. Yase inyamalala. Kodwa kungakapheli nasikhathi eside, yaphinde yavumbuka yaqhwakela edwaleni. UNolitha wayehleli emangele. Kwakungaseyonainja yasolwandle, kwase kuumfana manje!

Umfana wasondela, waphinde wasondela, wabeka okuthile ngokucophelela phambi kukaNolitha. Wase ephenduka ebuyela emanzini. UNolitha wathatha leyo nto wayiphendula esandleni sakhe, emanqikanqika. Kwakuyisikhwama senkosazane yasolwandle. Sasisihle kakhulu!

UNolitha wasukuma ukuze abonge umfana. Kodwa, ngaphambi kokuba enze njalo, umfana wabhaka emuva wambuka, wase eziphonsa olwandle. Kanti, ngesikhathi umzimba wakhe ungena emanzini, wabainja yasolwandle futhi.

"Nolitha, Nolitha," kumemeza uMama, "sekuyisikhathi sokugoduka!"

UNolitha waqoqa yonke imali yakhe yenkosazane yasolwandle wayifaka esikhwameni senkosazane yasolwandle. Wabuyela kuMama, elokhu ejeqeza emuva olwandle. Kodwa akabonangainja yasolwandle, namfana; ngamagagasi ayegubha kuphela.

Ngesikhathi behamba ebusuku, uNolitha wabonisa uMama isikhwama esihle senkosazane yasolwandle.

"Saze sasihle!" kusho uMama.

UNolitha wase etshela uMama ngenja yasolwandle eyaphenduka umfana eyayimnikeze sona.

"Kwakuhle kakhulu-ke nalokho!" kusho uMama.

UNolitha, wazunywa ubuthongo, uMama wamamatheka kancane wamhlebelela ukuthi, "Kwakuyilapho kanye lapho ngangiyibone khona ngiseyintombazanyana."

Tell us if you liked the story, *The mermaid's purse* – SMS "Bookmark" with your name and your comments to 32545. R1,00 per SMS.

Sitshele ukuthi ngabe uyithandle indaba ethi, *Isikhwama senkosazane yasolwandle* – thumela nge-SMS u-"Bookmark" negama lakho nalokho ofisa ukukusho ku-32545. I-SMS ibiza u-R1,00.

Win!

Send us a picture of your postcard from page 7 before you post it and you could win a hamper of books from Exclusive Books! You can send it to us by email (letters@nalibali.org) or post (Nal'ibali, PRAESA, UCT, Private Bag, Rondebosch, 7701) or upload it to our Facebook page (www.facebook.com/nalibaliSA). Entries close: 13 September 2013.

EXCLUSIVE BOOKS

Wina!


Sithumelele isithombe seposikhadi lakho (ekhasini le-7) ngaphambi kokuba ulipose, ungawina ihempa yezincwadi yase-Exclusive Books! Ungasithumelela nge-imeyli (letters@nalibali.org) noma usithumelele ngeposi (Nal'ibali, PRAESA, UCT, Private Bag, Rondebosch, 7701) noma ulifake ekhasini laku-Facebook (www.facebook.com/nalibaliSA). Ukungenela kuvalwa ngomhla ka-13 Septemba 2013.

In your next Nal'ibali supplement:

- Find out what motivates children to read
- Story Stars: A librarian who uses stories to learn
- Reading club corner: Writing book reviews
- A mini-book, *The witch who lives on the hill*
- The first part of the story, *The magic paintbrush*

Need help coming up with ideas to help your children's literacy grow? Visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi for our growing collection of reading and writing tips!

Find us on Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA
Sithole ku-Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA



Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Thola ukuthi yini ekhuthaza izingane ukuthi zifunde
- Abavelele Ezindabeni: Umsebenzi wakumtapo wezincwadi osebenzisa izindaba ukuze kufundwe.
- Ikhona lethimba lokufunda: Ukuhlaziya izincwadi
- Ibhukwana, *UMthakathi owayehlala egqumeni*
- Ingxenye yokuqala yendaba ethi, *Ibhulashi lokupenda lomlingo*

Ngabe udinga usizo ekuqhamukeni namacebo okusiza ukuthuthukisa ukwazi ukufunda nokubhala kwezingane zakho? Vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi ukuze uthole iqoqo lethu elikhulayo lamacebo okufunda nokubhala!

